



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

FEBRUWARI/MASHI 2016

IMEMORANDAMU

AMAMAKI: 80

Leli phepha linamakhasi ayi-8.

ISIQEPHU A: ISIFUNDO SOKUQONDISISA

INDLELA YOKUMAKA:

1. Ngenxa yokuthi sigxila emqondweni wependulo; ukungabhaleki kahle kwamagama namaphutha olimi sikushaya indiva/asikunaki ngaphandle uma kuthinta umqondo wependulo yonke. Amaphutha kumele omakayo awatshengise ngezimpawu ezisetshenziswayo uma kunamaphutha.
2. Uma umfundi esebezise amagama angekho olimini ahlolwa ngalo, lawo magama ngeke anakwe uma ngabe impendulo ayibhalile inomqondo ophelele. Uma kunegama elithathelwe kolunye ulimi embhalweni onikeziwe noma kudingeka ukuthi impendulo inike lona lokho kuyovumeleka.
3. Imibuzo edinga izimpendulo ezinjengo YEBO/CHA/ANGIVUMI/NGIYAVUMA azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo ethola amamaki.
4. Imibuzo edinga izimpendulo ezinjengo IQINISO/AKUSILO IQINISO/UMBONO/IQINISO azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo ethola amamaki.
5. Uma impendulo iyigama elilodwa kodwa umfundi abhale umusho wonke; umfundi uthola amamaki uma edwebele impendulo noma eyikhombise ngandlela thize.
6. Uma impendulo idinga amaphuzu amabili/amathathu kodwa umfundi wabhala angaphezulu kwalokho kumakwa amaphuzu amabili/amathathu okuqala okunye kungabe kusanakwa.
7. Umfundi uyanikwa amamaki uma esebezise ulimi Iwesigodi empendulweni yakhe.
8. Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwazinikeziwe; uyawathola amamaki uma ebhale impendulo ephelele kanje:
UTHOKO/A (okuwuhlamvu oluphelele).

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISA

UMBUZO 1

- 1.1 1.1.1 UKicki Hakansson. (1)
- 1.1.2 Izintokazi eziwine emazweni azo. (1)
- 1.1.3 Imoto
Ukuhambela amazwe mahhala
Imali
(OKUBILI kwalokhu) (2)
- 1.1.4 Ukukhuthaza ukuzethembu nokwazi ngamasiko esiTnu/
Ukuziphatha kahle kwamantombazane. (2)
- 1.1.5 1993 (1)
- 1.1.6 Intokazi akube ngeyokuzalwa eNingizimu Afrika.
Ibe neminyaka ephakathi kweyi-18 nengama-27.
Oshadile, onengane, othenjiswe umshado akangeneli.
Abe nesitifiketi sikaMatikuletsheni noma ngaphezulu
Abe nezinhlelo azozenza uma ewinile
(OKUBILI kwalokhu) (2)
- 1.1.7 Zingena ngezicathulo ezinde zimodele ngezimpahla zokubhukuda.
Ukumodela ngengqephu kanokusho.
Ukuphendula imibuzo yamajaji. (3)
- 1.1.8 Angaphucwa isicoco sinikezwe owaphuma isibili. (2)
- 1.1.9 (a) Ukwenza isenzo esiqala ukwenzeka/Ukuba owokuqala
ukwenza into. (2)
(b) Ukubehlula bonke/Ukuphuma phambili/Ukuwina. (2)
- 1.1.10 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

Iyabasiza ukuphendula imibuzo yamajaji.
Kungomunye wemithetho yokungenela umncintiswano.
Ibanika ukuzethembu.
(Nokunye okunembayo) (2)
- 1.1.11 Izimpendulo ziyokwehluka: Isib.
Yebo kumele iqhubeku ngoba ifundisa amantombazane
ukuzethembu nokuzimela.

NOMA

Cha kumele iyekwe ngoba yehlisa isithunzi sabantu besifazane
ngokuveza imizimba kakhulu.
(Nokunye okunembayo) (2)

- 1.1.12 UMBONO ngoba abanye batholakala benza izinto ezingalungile.
(Nokunye okunembayo) (2)
[24]
- 1.2 1.2.1 Atelekile/Awafuni ukuyosebenza. (1)
- 1.2.2 Ngabantu abahluphekile/abangazitsheli/abangazikhukhumezi. (2)
- 1.2.3 Imali encane/iholo elincane. (1)
- 1.2.4 D/Ukulamba. (1)
- 1.2.5 Ukubaphatha kabi/ukungabacabangeli. (1)
[6]

AMAMAKI ESIQEPU A: **30**

ISIQEPHU B: UKUFINGQA

UMBUZO 2

Ukufingqa kumele kumakwe ngale ndlela:

- **Ukwabiwa Kwamamaki:**
 - Amamaki ayi-7 ngamaphuzu ayi-7 (Iphuzu lilinye labelwa imaki eliodwa).
 - Amamaki ama-3 abelwa ukusetshenziswa kahle koLimi.
 - Isamba samamaki yi-10.
- **Ukwabiwa Kwamamaki Okusetshenziswa Kolimi Uma Umfundi Esebenzise Awakhe Amagama:**
 - Iphuzu eli-1 kuya kwama-3: Uklonyeliswa ngemaki eli-1.
 - Amaphuzu ama-4 kuya kwama-5: Uklonyeliswa ngamamaki ama-2
 - Amaphuzu ayi-6 kuya kwayi-7: Uklonyeliswa ngamamaki ama-3.

QAPHELA:

- **Isakhiwo:**

Noma ngabe isakhiwo sendaba sibhalwe ngendlela efanele, kumele sifundisiswe bese simakwa ngendlela efanele.
- **Ukubalwa Kwamagama:**
 - Abamakayo kulindeleke ukuthi babale inani lamagama asetshenzisiwe.
 - Awekho amamaki asuswayo uma umfundi engalibhalanga inani lamagama asetshenzisiwe noma elibhalile kodwa kungesilona.
 - Uma inani lamagama asetshenzisiwe leqiwe, omakayo kumele afunde amagama amahlano ngaphezu kwasibalo esinqunyiwe angabe esakunaka okunye okuza emva kwalokho. Indaba efigqwe ngamagama angaphansi kwenani elibekelwe ibe inawo wonke amaphuzu abalulekile inikezwa wonke amamaki.

Amaphuzu angabhekwa:

1. Abantu bazibhala imizimba ngoba befuna ukwaziwa ukuthi bangobani.
2. Basuke behlonipha abantu bakubo asebashona ababebalulekile ezimpilweni zabo.
3. Abanye bazibhala ngoba kusesitayeleni/kusemfashinini kwenziwa ngabantu abaningi.
4. Abanye basuke befuna ukuvala izibazi ezibakhumbuza izigameko ezingezinhle.
5. Abanye basuke bebukela kosaziwayo ababathandayo.
6. Izinkampani zibhala abantu ukukhangisa ngamabhizinisi azo ukuheha abantu.
7. Okujwayelekile yilokhu okwenziwa iziboshwa ejele ngoba zifuna ukukhombisa iqembu ezikulo kanti ukuzibhala kungadala izifo ezinjengekhensa.

ISIQEPHU C: UKUSETSHENZISWA KOLIMI

INDLELA YOKUMAKA:

1. ISIPELINGI/UBHALOMAGAMA:

- Izimpendulo eziyigama elilodwa azinikezwe amamaki noma kune phutha ekubhalweni kwegama ngaphandle uma kushintsha umqondo wegama.
- Uma izimpendulo zingumusho ophelele; abafundi mabaphucwe amamaki uma iphutha liphathelene nokusetshenziswa kolimi.
- Uma impendulo ifuna izifinyezo; makusetshenziswe uphawu olufanele lokubhala/lokuloba.
- Ukwakhiwa kwemisho makwenziwe ngendlela kusetshenziswe ulimi olufanele kulandelwe imiyalelo yombuzo.

2. Emibuzweni lapho umfundsi ekhetha impendulo kwazinikiwe; uyawathola amamaki uma ebhale impendulo ephelele kanje: UThoko noma A (okuwuhlamvu oluphelele).

UMBUZO 3

3.1 Ukupheka izitshulu ezehlukene.

Amaphasta.

Ukudla kwasolwandle.

Amasaladi anhlobonhlobo.

Indlela yokosa inyama.

Ukudeka itafula.

Ukuhlela imicimbi emikhulu nemincane.

(OKUBILI kwalokhu).

(2)

3.2 Ukudla okuconsisa amathe.

(1)

3.3 Basebenzise isu lokubaklomelisa ngesethi yamabhodwe.

(2)

3.4 Kufanele athumele igama nesibongo zingakapheli izinsuku eziyi-7.

(1)

3.5 Izimpendulo ziyokwehluka:

Kungenzeka ukuthi benzela ukuthi abantu banganaki konke kodwa bafune ukuyobhalisa.

(Nokunye okunembayo)

(2)

3.6 Ofunda isikhangisi usheshe abone ukuthi kukhangiswa ngani/ukugqamisa/kuheha.

(2)

[10]

UMBUZO 4

- 4.1 Yingoba ayigqokwa iyunifomu esikoleni namhlanje/yi-Civvies Day. (1)
- 4.2 Kusekuseni/Izikhathi zokuya esikoleni nasemsebenzini/ihora lesi-6. (1)
- 4.3 Umfaniswano. (1)
- 4.4 B/Izwe selishintshile. (1)
- 4.5 Yebo, ngoba uyamthethisa uthi angeke aye esikoleni egqoke kanje. (2)
- 4.6 Iqiniso, ngoba yena ugqoke iyunifomu. (2)
- 4.7 Izimpendulo ziyokwehluka
Yingoba iveza umzimba kakhulu/ukhindile/ugqoke ngendlela engahloniphekile.
(Nokunye okunembayo) (2)
[10]

UMBUZO 5

- 5.1 5.1.1 Kunomkhutshana. (1)
- 5.1.2 Usana. (1)
- 5.1.3 Ibizombaxa/Ibizongxube. (2)
- 5.1.4 A/Indlela yamandla. (1)
- 5.1.5 lyisiqalekiso. (1)
- 5.1.6 Izimpendulo ziyokwehluka:

Isibonelo:
Ngizokukhokhela imali yakho uma kuperha inyanga.
Inyanga ikhanya kakhulu ebusuku.
(okukodwa kwalokhu) (2)
- 5.1.7 Zidayisela. (1)
- 5.1.8 Izingane bazifihla sekumnyama **bhuqe**. (1)
- 5.1.9 Izimpendulo ziyokwehluka:

Isibonelo:
Emini- Umshado uzophuma emini kusasa. (2)
- 5.1.10 UHulumeni yena uthi uzomfaka ejele ozotholakala entshontsha ingane yakhe. (2)
[14]

- | | | | |
|-----|-------|---|-------------------|
| 5.2 | 5.2.1 | Wosizi/Wokudabuka | (1) |
| | 5.2.2 | Isingathekiso. | (2) |
| | 5.2.3 | Ukumkhuthaza ukuthi afunde.
(Nokunye okunembayo) | (1) |
| | 5.2.4 | Ngimethulela isigqoko. | (2)
[6] |

AMAMAKI ESIQEPU C: **40**
AMAMAKI ESEWONKE: **80**